## Ovumela uF. M. Cele Ngo £26,000.

(Ku Mhleli weLanga.)

Mngane,—Ngisekela uMr. F. M. Cele kanye nabahamba naye Mhleli nomzi onsundu. Ayiko enye into engapilisa isizwe ngapandhle kwezikwama. Isizwe siba isizwe sihlonipeka sibe negama kwezinye ngenxa yezikwama nemisebenzi nezinkampane zaso! URev. J. L. Dube ngonyaka ka 1916 ekuyekeni kwake ubungameli bweS. A. N. N. C. watembisa into azoyenzela isizwe. Wananeleka kakulu umqondo wake. Muzi onsundu yazini ukuti uNkulunkulu uyayisekela imiqondo ezama ukuhlanganisa nokwaka impilo yesizwe. MaAfrica vulani okusezingqondweni zenu nisebenzele isizukulwane. Useshilo umfo wakwaMvuyana, uHenry, wati seuse zandhleni owake u £3. Abaningi baloku behlabelela ngemilomo nje beti tina singabomdabu tina singamaAfrica izwe letu leli. Masingasho ke kupela ngomlomo nje makukulume izenzo noManyano masingalali ebutongweni obabulala obabamkulu, okoko betu. Tina silindele okade bebona 'balungise izindhlela bangenise amakosi nezinumzane ukupela. Ilanga lipumile makolwa sebenzelani isizukulwane.

Yimi owenu,

JOHN M. SHIBE.

Modder Bee,
Transvaal

## Nawe Unje ?


Inxa unozwela ungeze wazibona uma ungese wazipenyisisa. Unalo? Uhlonz' ukukwelwa yikanda? Uyisikohlwa? Kuyakwahlula ukugxilisa inhliziyo yako emsebenzini? Uye uzwe ubutakataka ezingalweni nasezitweni futi ukatale ngeze? Inxa loku kulanda kufanelana nawe udinga umuti wamandhla ongena luto oludakisayo ngoba leyo imikwazi yeNeurasthenia. Funa igabha lamaPink Pills kaDr. Williams esitolo esiseduze. Qala lomuti kona manje. Ungabona inxa ukusebenza kokunika amandhla kwalamaPills kusiza ngoba uyoba nendhliziyo emhlope ekudhleni kuti okudhlayo kungasindi kube yisigaxa. Lapo igazi elinonileyo elibomvu selifinyelela kuwo wonke umzimba wako kuyonya malala ukuzizwa ukatele udanile bese wazi, ukuti udhla umuti okuyiwona wona.

Abantu abanakugwema iNeurasthenia. Bazalwa betebele kuyo. Kodwa ngokwaka igazi ngamaPills kaDr. Williams lokukutebela kunganqotshwa kupela.

Gximeka itemba lako kulomuti upeze ukuba yiloku unakana. AmaPink Pills kaDr. Williams angatolakala kubo bonke omkemisi nabatengisi noma ngqo kwoDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo3s. 3d. ngegabha lilinye noma abe isitupa ngo18s. ungakokeli iposi.



# Kwa Ngobamakosi.

# Uyagudhluka

ISITOLO ESIDUMILEYO SAKWA NGOBAMAKOSI SIYAGUDHLU-

KA SIYA KULONA UHLA LAPO BEKUKONA ESIDALA NGANENO

kancane kwesincane ku 109 Field Street.

Lapo indawo ibanzi kakulu, kukona nesitezi. Sewafika noNGOBAMAKOSI loku kade epesheya eIndia. Ufi-

ke nezingubo eziningi zazo zonke izinhlobo kusukela onya-

weni kuya ekanda. Imisiko yakona yabesilisa nesifazane idhla umunyu.

Kumbulani ku 109, Field Street lapo ezongenisa emise kona manje pakati naye uSeptember lo, Ubesangenise ngoba kusalungiswa indhlu lapaya ngapesheya. Manje uzongena lapo esezokuma kona ku 109, iField St., Durban.



# Nantsi Inteno Enhle

Ofuna Isimbongolo, Odonki, Amahashi, Amahani, amadala nesinqola nezingqukumbane angazi tola kwa-L. JACOBSON, KU WILLIAMS ROAD' EZIBUNGA. Eduse nama ofisi amalisho.

Kukona imbongolo 200, odonki abamashumi amahlanu kanye futi nesinkabi eziningi zokubotshelwa ... atole, nesitole. Umuntu inxenye yemali ... a engababambisa ngomhlabati noma halwe umuntu owasekayo.

Kukona kuya ek... nesink... ingab... isete ...

Utengisa nangezinkomo

L. JACOBSON.
Horse Dealer,
Williams Road,
DURBAN

Bonke abatenga isinkomo aboqala ngokucela incwadi yopete idipi lalapo izinkomo siya kona ngoba akuvunywa nxa siya lapo idipi lingeko. Abantu abayohlupeka ... [illegible]


## Isifundo sesikole seSonto.

Esesibili Oct. 12. 1919.
ABALOBI BABANTU: Mark 1:14-20.

ISITATELO: UJesu wati kubo, Ngilandeleni ngiya ku nenza abadobi babantu Mk. 1:17.

Amanye amavesi aotisha:—Matt. 4:18-22; Luke 5:1-41; 14:15-24; Jak. 5:19-20; Isamb 22:17.

Eyezingane indaba: Ukusiza abanye ukwazi uJesu.

OKUJONGIWEYO: Ukuba abantu balungiselwe ukuzwa balalele ukubizwa kwesibili kwabafundi, kokuya kusebenza Ku ubizo kutisha uqobo ukuba afunde indhlela yokudonsela abantwana kuKristu.

ISU LESIFUNDO: 1. Osekwenzekile seloku kwesifundo esidhlule. 2. Ukudotshwa okukulu kwezinhlanzi, Luke 5 4-9. 3. Ukubizwa kwabane. 4. Izifundo zabadobi ebunyangeni bokudonsa abantu.

1. Lapo sifunda ukuhamba kwao Petro noJohane ikakulu ngaleli kwata kuhle ukukumbula ukuqalisa kwabo ukwazi uJesu nokuti bamamkela baba abafundi bake.

Isifundo setu sanamhla siyeqa siye esikatini esingemvana kokuboshwa kukaJohane umBaptizi. Okwamanje kubonakala ukuti oPetro noJohane makube babese nalabo bafundi abalandela uJesu baya eKana naseJerusalem, lapo babona kona isimangaliso sokuqa'a, nokugeqwa kwetempeli, bezwa amazwi okupila eshunyayelwa kuNikodemu nakowesifazana waseSamaria nabantu bakubo, bezwa nokunye ukufundisa kwomlomo wake babona nezinye izimangaliso ezenziwayo.

2. Ngako lapo isixuku sidhlula kuJesu lapo efundisa ngasolwandhle lwaseGalile, isimangali ukuba isikebhe sikaPetro sabe siseduze, nokuba sanikezwa ngesihle kuJesu ukuba kube indawo yokushumayelela, nanokuti uJohane nomnewabo babizwa ukuzobabambisa izinhlanzi ezadotshwa ngesimangaliso belalela izwi likaJesu alisho kuPetro. Isimangaliso lesi safikisani kuPetro? Siyabona ukuti babe lungiselwa ukusabela kuJesu lapo eseti mabashiye ukudoba izinhlanzi babe abadobi babantu.

3. Masikumbule ukuti lababantu babe ngesibo abafundisi nabashumayeli ekubabizeni kukaJesu. Kwabe kungabantu nje abazisebenzela umsebenzi opansi, ukudoba, ocishe ukuba umsebenzi opansi wokutola ukudhla eGalile njengokulima.

UJesu wababizela umsebenzi owahlukileyo, lo wokudonsa abantu; Bapendula batini? Benza izaba bati, kuhle sibambelele ekudobeni kwetu funa sintule ukudhla kwetu kwemihla, nokuti masingashiyi ubaba nezisebenzi nje, nokuti asifuni ukumuka emakaya, etc. ? Sifunda ukuti bashiya konke kona lapo balandela uJesu. Balandela lolubizo lokuya kusebenza, wase uJesu ebalungisela umsebenzi wabo.

Lamadoda amane a
Ketwa yiNkosi ... Batunywa yiNkosi
ukuzwa ekushoyo ... Nendaba
Ukubona ekwenzayo Ngomsebenzi otile
Ukufunda ayiko ... Bepete indaba yomuntu

Usekubizile wena ?

IV. Izifundo zabadobi ebunyangeni bokudonsa abantu. I. Zimbili izindhlela ezinkulu zokudoba—enye eyeneta, ukubamba izinhlanzi ngaziningi, enye ngeyodobo, yokuzibamba ngazinye. UJesu waesebenza ngazo zombili lezizindhlela, imihlangano emikulu efudumeleyo, nokukuluma kumuntu ngamunye. 2. Omunye wemiteto emikulu ekudobeni ukuba wena usitele. Nati kusweleke sisitele tina, okuti masidonsele abantu kuKristu, hai kiti. UJohane umBaptizi uyincwadi yetu enkulu. 3. Amasu omdobi, ukuqapa nokubekezela nokwazi imikuba nokwenza kwezinhlanzi, ukuhlakanipa, nesu, nokuzikohlwa, amasu omdonsi woqobo wabantu. Cabanga ukuba uwadinga kanjani lawomasu. Ubuhlakani bomdobi ukukangisa inhlanzi angayi bhabhasi ayicindezele, nomdonsi wabantu unjalo.

Kukona isu elenziwa abantu bamadolopa amakulu lokwenzisa okoMnewabo womuntu.

Indoda engumKristu noma umfana ibona umfana ongapansi kwake ngobudala enesizungu edinga ukusizwa noma esengozini yokwonakala isimilo sake uye etembise ukuti uzoba ngumnewabo, kungabi kupela ngokumluleka kepa nokuba umngane wake, ammemele nasekaya lake amyise nasezindaweni ezitile ezinhle nasemihlanganweni emihle abe loku emsiza emkombisa ngokuhamba kwake nangokukuluma ukuti kuhle ukuba ngumKristu.

Kwake kwabakona umbumbi wesitini umuntu ojaheleyo kakulu owati ufuna umfana wokumsebenzela. Umfana wokuqala owafikayo waqala ukubuza imibuzo wati, "Uholela malini?" Indoda yapendula yati, "Upondwe ngesonto nokudhla." Umfana: "Ukudhla okunjani ?" Indoda ekulupeleyo nenhliziyo enhle: "Ngiyakudhla mina."

Umfana: "Nginika lowomsebenzi." esho emomoteka ngomlungu wake omusha. Le yindaba nje kepa siya sibona isifundo sayo. Umenzi wesitini lo waeyincwadi enhle yomuntu okudhlayo ukudhla kwake. Wena uyikolwa lwaluhlobo luni? Abanye bayafuna ukuba njengawe ?

## AmaHlubi.

Bakuluma nje baza bezwana, yapela leyo. Emva kwaloko wayimemezela ke indaba yezintombi leyo ahamba ngayo. Inkosi yamaHlubi yayamukela kahle, yati "Tina lapa kiti silobolisa ngazo lezo ezi ishumi." Kwaba kuhle nje loko.

ISAHLUKO VIII.
UKUGODUKA KWENKOSI.

Uzwani - le, kute ngo 1872 yagoduka iNkosi yakwaNodwengu. Niyazi ke nonke ukuti seloku kwakukona ivuso lokuti omunye uMntwana kafanga mdhla kulwa Usutu neziGqoza eNdondakusuka. Bonke abanumzane base ziGqozeni babeqinisa beti uMbuyazwe kafanga, beti ufihlwe ngabelungu. Kwati ke ngaloko uba kukotame uyise kwaba kuhle ukuba kubizwe bona abelungu bazombeka esikundhleni sikayise, kona kuzaudela uZulu wonke ukuti kanti wafa impela.

Wahamba ke uSomtseu kwatunywa yena ukuya kubeka uCetshwayo. Wape lezelwa yidhlanzana lamabuto akubo kanye nezinduna nabantu bazo. Yayalwa ke iNkosi ngokuti maiyeke yonke imikuba yamaKosi akwaZulu awabe ebulala umuntu engalitetanga icala lake, noZulu wajabula wonke ngamazwi ka Somtseu. Waguquke ke okaSonzica ese wufezile umsebenzi abe ewutunywe ngu Hulumeni ukuba ayowenza. Wati efiku ekaya zase zitsha ngamandhla ezokuti uLangalibalele udelele uHulumeni kesi lapa ebizwa.

Kulezo nsuku wagoduka uNcwane kaMtimkulu ong'uyise wabo bonke abakaMtimkulu. Po ke uLangalibalele wazila nabantu bake, kwabizwa inyanga yokuza kumgezisa ichele ekaya, kwenzi we izembe bancinde, njengomkuba wabantu bonke. Kwati konke loko kwagu qukezelwa kwatiwa ub'encinda echela impi ngoba ezakulwa nabelungu.

Ukugcina kwatunywa uMahoiza ka Mlandu wakwa Mkize, induna, kwatiwa kayombiza azokuluma noHulumeni. Ake nginixoxele amazwi engawakuluma no Mahoiza uqobo lwami kusihlwa, mdhla eyokuhamba ngakusasa.

UMahoiza lona uyisihlobo kimina ngenxa yoba watata intombi kaSinuka ne wakwaDhlamini emaKuzeni; nobaba futi uMagwaza watata intombi kaMqongo umfowabo ka Sinukane. Nami bengizinge ngihambela kuye, engazisa ngoba ngingumntwana womnakwabo. Kute ngalowo mhla ngatata uLudwe ndwe womfo wabo kaMdubedube wakwa Ndhlovu, sahamba sobabili noLudwendwe, kusihlwa, saya kuvalelisa kuye emzini wake eSisileni. Umzi waseSisile ni useduze kwowas'Ekukanyeni, nowami futi Esisileni, kulo elas'Ekukanyeni. Uzwani ke! safika kungxangazwa, ku selwa amatshwala kubutene abantu abaningi, okwobane induna iyakupuma kusasa iye emaHlutshini. Wangixoxela ke uMahoiza amazwi atunywe wona, okuti, Kutiwa kangobiza uLangalibalele eze kuHulumeni emGungundhlovu. Ke pa ngoba usebizwe katatu engavumi ukuza, sekuyakupuma impi iyekumuba mba uma engasavumanga ukuza komkulu ngokumbiza kwami. Kutiwa kugcwele isibhamu sodwa emaHlutshini, abantu bonke bapete sona, soku umhlanga nje kubonakala ukuti uLangalibalele useqonde ukulwa noHulumeni

ISAHLUKO IX.
UKUCITEKA KWEZWE LASEMA HLUTSHINI NGO 1873.

Kute uba apume uMahoiza kaMlandu wapelezelwa nguGayede kaMagedama kaKopo iNkosi yaseMakabeleni noNdabezimbi wakwa Dhladhla was'Ekukanyeni beno Nomfihlela naye futi was' Ekukanyeni nabanye. Kwati ngemva kwake kwalandeliswa amaKamgedhlela ehamba namaKolwa aseEdendale awabe epetwe ngu Lieut. Col. Durnford R. E. amaKamagedhlela epetwe ngu Capt. Barter. Waye wafika ke umfo ka Mlandu kwelasemaHlutshini. Wafika wangenisa emzini kaMavukesapela wakwa Radebe, lapo yati uba imuzwe iNkosi ukuti ufikile ungenise kona, ya tumela inkomo yokumhlabisa. Nako ke kuti ngolunye usuku esebekiwe enkosini wabizwa waya. Wati esemi pandhle emnyango engakangeni, amaHlubi abu za ukuti utunyweni na? Kepa uMahoiza engatandi kakulu ukuzeka indaba yonke yokutunywa kwake kubantu, wanxusa kubo ukuba bamdedele ayokuluma neNkosi uqobo. Kepa uMahoiza wabe ambete ibhulukwe neyembe neno libhantshi nebhantshi, ambet ijazi ngapezulu, ngoba pela kwakumakaza kusebusika. Abuza ke amaHlubi pandhle kuye emxwayile, eti "Ugodhleni wena, umukulu kangaka nje na?" Wapendula eti, "Angigodhle luto, ngambete isingubo zami kupela" Lapo ke basondela kuye bamkaka, beti "Ake ukumule ijazi leli nebhantshi lako sibone, andu ba sikudedele uyongena endhlini eNkosini. "Kwaba buhlungu kuMahoiza loko ukuba akunyuliswe ijazi nebhantshi ute engena endhlini enkosini wabe esedumele kakulu. Nango ke eseguqu ka. Po, usayazi, loku nansi impi yabelungu isifikile, izwe selilibi lonke nje emaHlutshini, seli igazi lonke.

## Uyazipendulela uRev. P. Lamula

(Ku Mhleli weLanga.)

Mhleli otandekayo,—Ngivumele indawana epepeni lako elitandekayo ke ngipendule uEph. Tshwelie Cele.

We Tshwelie, senaduka nizikohlisa ngokuti nizalwa ngamaShishi, futi niti ninguZulu! Bengingajabula kabi uma ubutola abaningi abakulandelayo ku leyo ndhlela yako yokuzikalela kuyihlo onguHulumeni, ngokwenza njengalaba engiti benza ubugcwelegcwele! Naku engikubuza kuwe:Ake ungitshele ngoba uyatanda ukubavuna kuleyondhlela ukuti benzenjani ngalelolanga ukuze ngiti benza ubugcwelegcwele nje na? Ngiyabona ukuti wawukona, mhlaumbe wega emva kwaloko. Yini uma utanda ukungisola ungabuzisisi kimi ukwenza kwabo na? Ngibuza futi ukuti, Bapi namhla ngaloko kwenza kwabo na? Okwesitatu ngibuza ukuti, Uqinisile impela ukuti babefuna imali yokusiza amakaya abo na? Mina angizimisele ukukuluma into yesikumba sokuba simnyama. nokuba abelungu batata izwe lakiti. Kodwa ngizimisele ukukuluma iqiniso lokuhamba kahle pambi kukaNkulunkulu nabantu. Uma wena ubungumuntu ofundile, oke afunde amapepa esiNgisi, ngabe uyabona ukuti uyangituka impela uma ucabanga ukuti ngivuna abelungu. Into yinye engizimisele yona, engingegudhluke futi kuyo. Mina ngizimisele into yokuti:Uma umlungu enza into engiyibona yo ukuti ilungile nginokumtusa impela. Noma umuntu enza into elungileyo nginokumtusa impela. Kodwa uma umlungu noma umuntu enza into embi nginokumsola noma etanda noma engatandi. Uma ubungangiqondi, ngiqonde namhlake! Angesabi namlungu namuntu uma esenza okubi, ukona uNkulunkulu engimi pambi kwake, njengesiga sikaElijah umprofeti. Kulelike likakololo nginamahloni ukupendula umuntu onobuwula njengoNabala 1 Sam. 25:25. Mina ngokwami, ngibona sengati ukona umkutshana ode uwubona lapo eJohannesburg, ukuti kukona abafundisi abazibeka bona esikundhleni salomsebenzi. Kodwa kimi ngikutshela ukuti ufanele ulande lendaba yako kuNkulunkulu omtukileyo. Kuhle ukucele kwabafundile, uma ungafundile, bakutshele ngoShimi (2 Sam. 16:5 13) nangoMikali indodakazi kaSaula, umkaDavida (2 Sam. 6:16-23). Kunjalo kukona abantu abaningi abakaiela izikundhla zabanye, bese behambe bepuputeka nje bengacabangi ukuti uNkulunkulu opayo. Senojwayela umkubo omubi impela ukutuka abantu abab ekwa uNkulunkulu emsebenziui wake Uyazi ukuti yiso lesisono esitiwa ka sitetelelwa? K e p a k e sikubambile! Uyazi ukuti yiso isono sokutuka uMoya oyingcwele? Umeyisa kanjani uNkulunkulu wena uze uti ukololo ngawunikwa abelungu? Bheka ngikutshela ngokungakufihleli ukuti leso isono sako sikubambile! Okokugcina ungituka ngokuti ngizalwa uJim. Mina kangizi qayisi ngobaba noma wayemkulu ka ngakanani. Kodwa sengitanda ukwe neka isono sako pambi kwabantu babo ne ukuti ukuluma into ongayaziyo nempela. Ubaba nguMdhlenevu wa kwaNgcaka, izimvubu ezimakala, eza kxeza esikxebheni. Wabutwa nguMpande, wayefuye ezimhlope Itshelentaba, azidhla eSwazini ekulweni kwe Nkosi uMpande noSobhuza iNkosi yamaSwazi. Ngisho nalapo izwe selitetwe ngabelungu wabuye waba yinduna kaMatini (Martin) owaqala ukuba y Nkosi kwelakwa Zulu ngaseNkandhla Wabe enemiklezo nengxota yeNkosi yakwaZulu, engawadhli amasi enkonyane ngoba amazipo eqede intamo Kantike wena mfana womunye umfana uziqayisa ngomfana nje! Kawazi ukuti uyihlo waye'libuto lesine kwabelama ubaba na? Ubaba elanywa yiZingulube bese kuba iSangqu, bese kuba Izinkone, sekuba ngoyihlo mfana! Ubaba kwakungu Gidhla owehle ngendawana yake yedwana, umgobhozo ovela entabeni, uZamisa zipume insingo, uMlimela omkulu ongadhlelwa zele, uGodo abalubanda iminyakanyaka, mhlazana lupelayo bobanda!

Niboyeka ukukuluma izindaba eninga ziqondiyo. Ubaba ufe ngomnyaka we mvula enkulu ka1917-1918 eseneminya kungati 100, ngoba uti kwati kufa uTshaka ngo1828 babe ngabafana mhlaumbe beneminyaka engu10, noma engapezulu.

P. LAMULA.

Milne Street Native Church,
Durban.


UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wako uhlala edwetshwa, esikwa, elimala. Ngoba lamanxeba ake apola kahle akusiyo incwadi yokuti ayauhlala ezipolela. Funa igabha likaChamberlain isigcobo sobuhlungu wenzel'ukuba ukulimala kubhekwe kahle. Awuko umuti ongahle uwutole odhlula lona isihlungu egazini yisifo esiyingozi kakulu ukuzifaka engozini yaso. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.



Zam-Buk
UNEQUALLED FOR
CUTS
BRUISES
ECZEMA
ULCERS
"CHAPS" &c.

No matter how trivial is your cut or scratch, the safest treatment is to wash the injury and immediately dress it with soothing Zam-Buk. Zam-Buk is a unique preparation of herbal extracts which are combined in a way that produces unequalled Healing, Soothing, Antiseptic powers.


## Obonga umuti wakwa-Lacombe.

Mngane,—Nginesikulu isifiso sokuba ke ngazise izihlobo zami ngemiti yako wena kaDawber, mKemisi, Druggist, nyanga eyisimanga, engiti uma ngiyokumbula ngemiti yako ngitole isimangaliso esisetshenzwa imiti yako wesa wakwaLacombe. Umuti wako wenyongo (No 15) nomuti wako wokuxubha amazinyo (No 28) kunye nowezinwele zesifazana ku(No 21). Nansoke imiti enginesifiso soba ke ngazise Abahlutshwa ngoba ngaziputuma kwaLacombe. Ngiyalela izintombi zakiti lapa eJohannesburg ezingenanwele. Sengi ke ngatumela ngitumelela iNtokazi etile eyapelelwa izinwele zayo. Zikule ngokumangalisayo.

Nize ningacabangi ukuti lezizinto ezikulunywa amapepa zingamanga zi yimaqiniso.

ALFRED MHLONGO.

Care of C. Wihtherde Esq.
Orange Grove,
8th Street,
Johannesburg.

## Okad'ebona.

(Ngu P. M. TEMBA.)

Kade ngilihamba izwe, namhlanje ngifike ekugcineni. Ngibhala nje ngi pakati kwezinkulu iziruqaba zamahlati. Umuntu ubonga iNkosi uma kusa epilile. Kukala amabhubesi ubusuku nemini. Angikulumi ngezindhlovu zona. Mpande ke kona kade sibona!

Ngisuke ePafuri ngo28 August 1919, kute ngo4th September 1919 ngafika kwaMapai lapo ngite ngifika ngezwa kutiwa omunye umlungu esikanye naye e m s e b e n z i n i weW, N. L. A Ltd, u y e kozingela izindhlovu Nami angabe ngisahlala, Mpande ke kona. Ngiyafika lapo kulowo mlungu ngimfica uwise izindhlovu ezine ! Aike indaba ayitandeki.

Kumenywe amakosi amabili nabantu bawo isilisa nesifazana. Mpande ezinye zobola. Ngobuye ngibhale uma ngifika eDelagoa Bay.

## Ezebhola eEstcourt nase Druycolt.

Ngomhla ka6 Sept. 1919 kwafika amaRainbows F.C. ebizwe amaEleven Great Powers namaConvention F.C. Aike kute ntambama kwayiwa enkundhleni. Safika isikati sokuqala okuziwe ngako umqati kunguMr. J. Crowie wakona lapa eEstcourt kungena ama 11 G. P. namaRainbows aseLadysmith. Aike ama11 G. P. ebopele impela ngoba amaRainbows anqenekile njengoba esandukwahlula ama11 G. P. enkundh'eni yawo. Rainbows 5 goals 11 G. P. 2 goals namhla-ke abopela. Aike namhla apatana kanzima ngesiqubu sokuqala kwamnyama lingangeni ndawo. kute sekupindelwa, kwati s-kusele 10 min. nje lakala pakati kuCentre Forward yamaRainbows, umdh'alo wapela kanje:

Rainbows 1 goal.
11 G. P. Nil.

Kwangena amaConvention namaRainbows. Aike yaya iCaptain yamaConvention kweyamaRainbows, yazilandulela eyamaRainbows yati sebediniwe futi abapumulanga abadhlali baseMnambiti abaketiweyo ngakoke abadhlala. Aike kwayekwa ngakoke amaConvention acabanga ukuya kona ngomhla ka6th October 1919, uma elitolile ituba.

DRAYCOLT MATCH.

AmaConvention akupuka ngomhla ka 13 Sept. Alibangisa enkundhleni yama Frayers F. C. Epagweni M. S., Mooleigh Siding. Afinyelela ngo3.45 p.m. umsebenzi waqalwa ngo4. 0 p.m. kepa umoya unamandhla kabi, umdhalo wapela kanje:

Frayars 1 goal.
Convetion Nil.


AWUNAWABO.

Ungatungata wonke umhlaba awusoze wawutola omunye umuti olingana nokaChamberlai womoya nokuhlumbulula ezifweni zesisu. Awuze ungageja ukunika ikefu. Utengiswa yibo bonke abatengisi.


## EzasEkupumuleni, Lady smith.

(Ngu J. H. K.)

Lapa kusekona enkulu inkungu engakesuki kubantu ngoba imihlangano ayikabigugu igugu kuse ubunumzane nokutenga umhlaba.

o o o

Zonke izinsizwa zicitekile zisemaGoli naseTekwini. Kepa siyetemba zonke ngoKisimusi zoba sekaya. Engayikuba kona kobe ingumsila wenja.

o o o

Umfo kaLuvuno ute ehamba ukuyofundisa ezake utshiye eseke waziti fahla fahla ngam'balwa alungele wona lowomuhla.

o o o

Ziseningi izitende, bayatenga umuzi uyanda nezingane sezigcwele ziyapupuma sezize zapungulelwa endhlini yesonto lamaWeseli nendhlu entsha yazo eyakiwe ngamatshe isipela ukufulelwa.

o o o

Kute nikilili kwakiwa isitini eFree Church sendhlu yesonto. Pela eyakona yadilika ngalozamcolo owadhlula.

o o o

AmaWesleyan eyawo aselungisela ukuyivula. Sekupelele konke nezitulo, pela bayasonta kuyona.

o o o

Abase Church of the Provence bona basatule. Asazi ukuti bayonyakaza nini ukwaka elabo isonto pela basontela esikoleni okwamanje.

o o o

Selibapundhlile idipu abantu lapa Kudhlula izinsuku ezine kuditshwe uyezwa sekutiwa umuti upelile sekufuneka imali njalo.

o o o

Kukona umfo lapa otwala izikumba ohamba edukisa abantu eti lamakolwa akukolwa kupetwe umnikelo isono, isidhlo seNkosi isono ukusemukela. Uti nxa etsho ungumprofeti.

o o o

Kukona olukulu usongo ezinsizweni zalapa Ekupumuleni lokuti ngoba ngonyaka odhlule bezenze ukusimusi zahlaba izimbuzi eziyisitupa nonyaka zisongele okungapezulu kwaloko. Pela ngitsho izinsizwa njalo nodadewabo. Pambili lusha lwasEkupumuleni.

o o o

Kubutwa izimali zokwaka ucingo lwamatuna. Amabandhla onke andawonye ehlukene ngemincele Kodwa indawo incane umuzi mukulu wanda ngamandhla. Into ebonakalayo sengati umuzi ungake uye kumaTrustee andise indawo yamatuna omuzi.

o o o

Angazi ukuti ukukolwa loku kwafa nononhlevu yini. Ngitsho ngokuzondana kwamakolwa anamhlanje. Abuseko ubuzalwane into nje ubandhlululo, inhlamba yokwetukana amabandhla ngamabandhla.

o o o

Into epambili kumakolwa anamuhla nxa lihlangana nawe namuhla libona ukuti uyikolwa emva kokukubulisa umbuzo, uyikolwa lapi na, ngitsho njalo ibandhla. Ake nicabange ke ukuti likubuzelani lowombuzo.

o o o

Pela lisuke lifuna ukwazi ukuti uma lona lingelase Church nawe wati ongewaseChurch bese lincibilika ke libuze nalapo upuma kona nokupila negama lako nesibongo. Kodwa uma upendule wati ngingowasekutini lapo kungesilo ibandhla lakubo ungabubonake, ubutshaputshapu lingabe lisanaka nampilo.

o o o

Ngiyabuza Mhleli nabafundi bako ukuti loko kubangwa yini emakolweni. Kanti oJesu bangangamabandhla ?

## Ukupendula.

Kuzikala zemiti,—Nkosi yeLanga ngicela ukuposa izwi kubafundi bako Incwadi yoMbhali wezamaHlub ikuluma kahle, kepa ilinga ukujivaza amaZulu, ingozike leyo. Faka izisefo olimini lwako.

KuMr. H. M. Mvuyana uMr. M. M. Fuze wayebhekisele kwabagxeka imiteto yesiZulu sengati bwona kuNkulunkulu kanti bona ku'owo Mtekelikazi yena yedwa engayazi nemiteto yakwa Zulu, kepa loku okutshoyo wena kuliqinise ukuguqula umteto welobolo kwezinye izindawo Kepa uposisile kwelokuti makucelwe kuHulumeni, omunye ongazi luto ngemiteto yabantu. Lezindaba zilungele uSolomon kaDinuzulu ehlangene nesizwe kutunyelwe ngazwi linye kuHulumeni. Kanti iCongress le izausebenzani?

Ku M B K. ngiyakuvumela kuna yini inxa kufunwa inkululeko makukululwe isizwe sonke. Baningi abayinza lo zyamakehla abanesimilo esihle kuno mfundisi wabantwana.

ILanga liposisile ukuti kwabangu Hulumeni kukona ibizo lika T. Orr endaweni kaJohn Orr.

Icebo likaMafukuzela liyabongeke lokuti uSolomon kaDinuzulu abe inhloko yeCongress kutulwe.

P. G. QWABE.